Umbono KaNkulunkulu Ngokuphila (Ingxenye 2)

Isekelwe esahlukweni 13 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala ku-jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola nalokho okufundiswa iBhayibheli, futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.



KUNGANI UNKULUNKULU EKUBEKELA IMINGCELE UKUSETSHENZISWA KWEGAZI?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Abanye abantu bangathini?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

Igazi lingcwele kuNkulunkulu.

(Bheka isahluko 13 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli,* izigaba 10-16.)

Funda uGenesise 9:3, 4; uLevitikusi 17:13, 14.

Kungani uNkulunkulu esenqabela ukuba sidle igazi?

Funda izEnzo 15:28, 29.

Ingabe amaKristu kufanele aliphuze igazi, adle inyama engophiswanga noma ampontshelwe igazi?



Uma udokotela wakho engathi yeka ukuphuza utshwala, ubungabufaka yini emithanjeni yakho ngokuzijova ngabo?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

UMthetho KaMose wagcizelela okuwukuphela kwendlela efanele yokusetshenziswa kwegazi.

(Bheka isahluko 13 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli,* izigaba 17-19.)

Funda uLevitikusi 17:11.

Ukusetshenziswa kwegazi lapho kwenziwa imihlatshelo kwabazuzisa kanjani abantu bakaNkulunkulu ezikhathini zasendulo?

Funda uJohane 3:16; eyamaHebheru 9:11, 12.

Yini eyafezwa uJesu ngokunikela ngegazi lakhe?

Uzizwa kanjani ngokwazi ukuthi uJesu wanikela ngokuphila kwakhe ngenxa yakho?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

Umbono weBhayibheli ngegazi usuphelelwe isikhathi.

UNGASE UPHENDULE . . .

Yiqiniso ukuthi lokho okushiwo iBhayibheli ngegazi kwabhalwa kudala. Kodwa ngikholelwa ukuthi kusasebenza kumaKristu ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Kuthiwani uma udokotela ethi uzofa uma wenqaba ukumpontshelwa igazi?

UNGASE UPHENDULE . . .

Uma isimo sisibi ngaleyo ndlela, ukhona yini ngempela ongagomela ngokuthi *ngeke* ngife uma ngilifaka igazi? Kodwa ukhona ongagomela ngokuthi uzosivusa uma sifa . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania